human settlements

Department:
Human Settlements
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# UMBIKO WONYAKA OBHEKISWE EZAKHAMUZINI
# UMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU
# UMBIKO OBHEKISWE EZAKHAMUZINI: 2017/2018

**Singobani**

**Singumnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu**

Umsebenzi wethu ngukulekelela ekwakhiweni kwezindawo ezizinzile zokuhlalisa umphakathi esifundazweni.

**Senzani**

Imisebenzi esemqoka esiyenzayo yilena:

- Ukubhekana nezikhalo zabantu abaqashe ezakhiweni zethu;
- Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokunakekela izakhiwo zethu eziqashisayo;
- Ukuphasiswa kwezicelo zemiklamo;
- Ukukhokha yonke imali yezibizo(claims) ezenziwa ngabathuthukisi bendawo;
- Ukuthi ezindaweni zomasipala bendawo sisungule amahhovisi azohlinzeka ngemininingwane emaqondana nokuqasha;
- Ukugunyaza ukutholakala kwemihlomulo yoxhaso;
- Ukwedlulisela izakhiwo zikahulumeni kubantu abafanelwe ukuhlomula kuzo;
- Ukuhlinzeka ngoxhaso kanye nezindlu ezingambi eqolo kulabo abahola kancane;
- Ukuhinzeka ngezindawo zokuhlala eziqashisayo zeqophelo eliphezulu futhi ezingambi eqolo kulabo abahola kancane;
- Ukuhlinzeka ngezindawo zokuhlala ezinhle futhi ezifanele abantu abanezidingo ezikhethekile;
- Ukuhlinzeka bonke abahlomula ezakhiweni zethu ngolwazi lokuthengwa kwezindlu;
- Ukusungula inqubomgomo kanye nemiyalelo yezinhlelo zezezindlu; kanye
- Nokuhlinzeka omasipala ngemisebenzi yokweseka kanye nokugunyazwa kwamazinga.

**Ngubani olawulayo?**

UMhlonishwa uMnu. *R.R. Pillay* nguye onguNgqongqoshe: Kwezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natall.
Ungusopolitiki okhethiwe ukuba abhekele ukulawula imisebenzi yoMnyango ngokuhambisana nezinqubomgomo zikaHulumeni Kazwelonke kanye Nowesifundazwe.

INhloko Yomnyango Esabambile nguMnu. M.O.S Zungu. Ungumsebenzi kahulumeni, uqashelwe ukuqinisekisa ukuthi uMnyango uqalisa ukusebenza kwezinqubomgomo ngendlela ekahle neyimpumelelo.

**Amazinga ethu – kanye nokuthi siwafezekise kanjani**

Amazinga ethu okusebenza anqunywa ngokuxoxisana namakhasimende ethu. Nanka-ke amazinga ethu okusebenza, kanye nemiphumela yalokho esikuzuze ngonyaka wezimali wezi-2017 / 2018

| AMAZINGA OKUSEBENZA | | | AMAZINGA OKUSEBENZA | | |
|---|---|---|---|---|---|
| Imisebenzi Esemqoka | Ubungako | Izingabunjalo | Abantu Abahlosiwe | Indawo Ehlosiwe | Isikhathi |
| Ukubhekana nezikhalo zabantu abaqashe ezakhiweni zethu | Zonke izikhalo ezamukelwe | Ukulandela imigomo yohlaka lwemithetho | Omasitende kanye Nabaqashile | Esifundazweni sonke | Izinsuku ezingama-90 |
| Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokunakekela izakhiwo zethu eziqashisayo | Zonke izakhiwo eziqashisayo | Ukulungisa okudingeka empahleni eqashisayo, uMnyango Wezezindlu e-KZN uzokwazi ukuhambisana nale minqamulajuqu yezikhathi: Ezimweni eziphuthumayo (Amahora amathathu), Umsebenzi Oseqhulwini ngobumqoka (Amahora angama-48), Umsebenzi Ojwayelekile (Izinsuku Zokusebenza eziyi-10) | Izakhamuzi eziqashe ezakhiweni zethu | Ezezindlu Zikahulumeni | Ezimweni eziphuthumayo (Amahora amathathu), Umsebenzi Oseqhulwini ngobumqoka (Amahora angama-48), Umsebenzi Ojwayelekile (Izinsuku Zokusebenza Eziyi-10) |
| Ukuphasiswa kwezicelo zemiklamo. | Zonke iziphakamiso | Kumele ibe ngenokwenzeka futhi ehambisana nemigomo ye-BNG nomongo wokuthuthukiswa kwedolobha | Omasipala/ Abalekelela ngokuqalisa kokusebenza kwemiklamo | Esifundazweni sonke | Izinsuku ezingama-90 |
| Ukukhokha yonke imali yezibizo(claims) ezenziwa ngabathuthukisi bendawo | Zonke izibizo | Ukuhambisana nemigomo ye-PFMA kanye nemiyalelo yokwenziwa kwezinto yangaphakathi emnyangweni | Abathuthuki-si bendawo/ omasipala | Esifundazweni sonke | Izinsuku ezingama-30 |
| Ukuthi ezindaweni zomasipala bendawo sisungule amahhovisi azohlinzeka ngemininingwane emaqondana nokuqasha | Ihhovisi elilodwa (1) ngekwata | Ukuhambisana nemigomo yeSigaba 14 soMthetho Wezezindlu Eziqashisayo | Bonke oMasipala Bendawo | Esifundazweni sonke | |
| Ukugunyaza ukutholakala kwemihlomulo yoxhaso | Bonke abafaneleke ukuthi bahlomule | Ukuhambisana nemigomo yeMithetho Yezezindlu kanye neminye imithetho nemithethonqubo ezihambisana nayo | Bonke labo abafanelekile ukuhlomula ngoxhaso | Esifundazweni sonke | Ukubhekelelwa kwezicelo zokumele bahlomule esikhathini esiyizinsuku eziyi-15 kufike isicelo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | ophikweni olubhekele ukuphasisa izicelo zoxhaso okumele sedluliselwe njalo ngesonto kuMqondisi Omkhulu Wezokulawulwa Kwezindlu Ezinozinzo Zokuhlalisa Abantu |
| Ukwedlulisela izakhiwo zikahulumeni kubantu abafanelwe ukuhlomula kuzo | Wonke amakhasimende kwezezindlu | Ukulandelwa kwemigomo yoMthetho Ovikela Amakhasimende | Wonke amakhasimende kwezezindlu | Esifundazweni sonke | Njalo ngekwata |
| Nokuhlinzeka omasipala ngemisebenzi yokweseka kanye nokugunyazwa kwamazinga | Omasipala abayisikhombisa (7) | Ukulandelwa kwemigomo yoHlaka Olubhekele Ukukhishwa Kwamagunya | eThekwini, eMsunduzi, eMambithi, e-*Newcastle*, eMhlathuze, KwaDukuza kanye nase-*Hibiscus Coast* | Esifundazweni sonke | Ukweseka oMasipala abagunyazilwe njalo ngekwata |

## IMIPHUMELA YALOKHO OSEKUZUZIWE/ OKUNGAZANGE KUZUZWE

- Esibalweni esiyizi-2,974 sezindlu esabe sizibekele ukuthi sizoziphothula ngaphansi koHlelo Lwezentuthuko Edidiyele, sikwaze ukuphothula eziyi-1,533, ngenxa yokuthi eminye imiklamo esingabala kuyo i-*Nyoni Slums Clearance* eSifundeni iLembe, ziphothuliwe izindlu kodwa azibalwanga ngoba abatholakali labo okumele bahlomule kuzo kanti basathungathwa.
- Kwakhiwe izindlu eziyizi-8,491 zoHlobo Lwezindlu Zasedolobheni ukuze kusheshiswe ukuhlinzekwa kwezindlu ngaphansi kwe-*slums clearance projects,* ngalokho-ke sifezekize uMphumela No. 8 ekubeni sabe sizibekele isibalo sezindlu eziyi-11,227. Lapha asikwazanga ukufezekisa isibalo esasihlosiwe ngenxa yomyalelo kaZwelonke wokuthi kurekhodwe izindlu ezingaphansi kwe-*Serviced Sites Program,* okuwuhlelo lapho okumele bahlomule bezozakhela khona ezabo izindlu belekelelwa yimalimboleko yasebhange.
- Sikwazile ukwakha izindlu ezinhlanu (5) kulezi zingxenye zokwengeza ezamenyezelwa nguNgqongqoshe Kazwelonke Wezokuhlaliswa Kwabantu, ekubeni nathi sabe sizibekele ukuthi sizokwakha izindlu ezinhlanu(5).
- Kuphothulwe izindlu eziyizi-2,972 kweziyizi-4,902 ebesizinqumele ukuthi sizozakha ngaphansi koHlelo Lokuthuthukisa Imijondolo olubizwa nge-*Informal Settlements Upgrade Programme*, asikwazanga ukufezekisa lokho ebe sikuhlosile ngenxa yezingqinamba ekuhanjisweni kwezidingo emphakathini endaweni yaseThekwini kanye nenselelo yokungahambisi ngendlela ohlelweni lokuqashwa kosonkontileka.
- Kuphothulwe izindlu eziyizi-2,943 kweziyizi-3,293 ebesizinqumele ukuthi sizozakha ngaphansi kohlelo lwezindlu zabantu olubizwa nge-*Enhanced Peoples Housing*. Asikwazanga ukufezekisa lokho ebe sikuhlosile ngenxa yokugqoza ekuphothulweni kwezindlu, njengalokhu kube nezinkinga zokunyamalala kwalabo okumele bahlomule ngezindlu, ikakhulu ngesikhathi sekusondele ukuphothulwa kwemiklamo okubalwa kuyo nowaseVulindlela.
- Kuphothulwe izindlu ezingama-377 kweziyizi-2,480 ebesizinqumele ukuthi sizozakha ngaphansi koHlelo Lokuxhaswa Komuntu Ngamunye olubizwa nge-*Finance Linked Individual Subsidy Programme (FLISP)*, ngokuhambisana nomyalelo kaZwelonke, isibalo sezindlu esizinqumele sona ngonyaka yizi-2,480 zihlanganisa eziyizi-2,000 ze-*FLISP Infill Serviced Sites* kanye nezingama-480 ngaphansi kwe-*FLISP*. Ekupheleni konyaka wezimali, uMnyango uhlinzeke ngezindlu eziyi-1,902 ngaphansi kwe-*FLISP Infill Serviced Sites* kanye nezingama-377 ngaphansi kwe-*FLISP*. Ukuzuzwa kwezindlu eziyi-1,902 ngaphansi kwe-*FLISP Serviced Sites* kudluliselwe kwi-*Service Sites* ngaphansi kwe- "*all subsidy instruments*" ngokoMyalelo Kazwelonke.
- Kwakhiwe izindlu eziyi-108 okuyiZindlu Zokuhlalisa Umphakathi kwezingama-200 ebesizinqumele ukuthi sizozakha, Asikwazanga ukufezekisa ebesizinqumele khona ngenxa yokuthi kube nezindlu ezisasele emuva ngokwezigaba ezahlukene ngesikhathi kwakhiwa
- Kuthengwe umhlaba ongamahektha ayi-1,180 wabe sewukhululwa ukuthi kwakhiwe izindlu zokuhlala ekubeni besizinqumele ukuwuthenga ongamahektha ayi-1,344. Asikwazanga ukufezekisa lokhu ebesizinqumele ukuthi sizokwenza ngenxa yokuthi imali eyayisasele okwakumele ikhokhele lowo mhlaba ayizange ikhokheke ngoba umuntu obhekele uKwedluliselwa Kwemihlaba kubantu (*Conveyancer*) engarejistile oHlwini Lawabahlinzeka ngmisebenzi olwaziwa nge-*Central Supply Database (CSD)*.
- Kwenziwe imibiko emihlanu (5) ekubeni besizinqumele ukwenza ube munye (1) maqondana neziNqubomgomo Nocwaningo ngaphansi kwezifundo zocwaningo

ezigunyaziwe futhi kwagunyazwa ukuba ishicilelwe. Lapha-ke kulokhu ebesizinqumele ukuthi sizokwenza, senze okungaphezulu ekoteni yokuqala yonyakamali ophezulu.

- Kwedluliselwe izakhiwo eziyizi-7,630 kweziyizi-32,109 ebesizinqumele ukuthi sizozedlulisela, asikwazanga ukufezekisa ebesizinqumele khona ngoba isenzo seHhovisi Elikhipha Amatayitela sokuchitha izicelo senza luhambe kancane uhlelo lokurejistwa kwamatayitela. Ziyizi-15 198 izindawo ezithintekayo ngenxa yeSitifiketi esingaphansi kwesigaba 28(1) eThekwini.
- Zingama-779 izindlu eziqashisayo esikwaze ukuzedlulisela kubantu, kwezingama-553 ebesizinqumele ukuthi sizozedlulisela. Lapha-ke kulokhu ebesizinqumele ukuthi sizokwenza, senze okungaphezulu. Ukusebenza ngokwedlulele sekuvale isikhala sokwehluleka ukufezekisa esizinqumele khona obekwenzeka eminyakeni edlule.
- Zingama-968 iZindlu zokuhlala ezinakekelwe ekubeni kwakunqunywe ukuthi kuzonakekelwa eziyi-1,500, ukungakwazi ukufeza obekunqunyiwe kudalwa ukuthi kuqalwe ngalezo zindlu ezisesimweni esibucayi nezidinga ukusetshenzwa ngokushesha e-*Shallcross* nase-*Austerville*.
- Kulungiswe kwaphinde kwavuselelwa izindlu ezingama-669 kweziyi-1,146 ebesizinqumele ukuthi sizozilungisa noma sizivuselele ezazakhiwe ngaphambi konyaka we-1994. Ukungakwazi ukufeza obekunqunyiwe kudalwa ukuthi kuke kwamiswa ukusebenza imiklamo yeseThekwini ngenxa yokuthi phambilini bekuphuthunyiswa uhlelo lokwakha obelungahambisani nokusebenza kwezezimali zoMnyango.

**Umnyango wethu kanye nabasebenzi**

Siqashe abasebenzi **abangama-695** abazinze kulawa mahhovisi alandelayo kanye nesibalo sabasebenzi ehhovisi ngalinye:

| | |
|---|---|
| -ENhlokohhovisi | = 366 |
| -IHhovisi leSifunda Esimaphakathi | = 66 |
| - IHhovisi leSifunda Esisogwini | = 205 |
| - IHhovisi leSifunda Esisenyakatho | = 58 |

Ama-**81%** abasebenzi bethu ngabantu abaMnyama, ama-**3.6 %** ngabaMhlophe, ama-**11.6 %** bangamaNdiya kanti ama-**3.8 %** bangamaKhaladi.

- Abayi-**12** bakhubazekile,
- Abangama-**337** kubasebenzi ngabesifazane,
- Abangama-**358** kubasebenzi ngabesilisa,
- Abangama-**560** kubasebenzi bethu bakhuluma isiZulu,
- Abayi-**130** kubasebenzi bethu bakhuluma isiNgisi, kuthi
- Abahlanu (**5**) bakhuluma isiBhunu

**Isabelomali sethu**

Isabelomali sethu besingama-**R 4,066,734** Billion.

Le mali isetshenziswe kanje: -

| | |
|---|---|
| Umholo wabasebenzi | R 266, 503 *Million* |
| Ezinye izindleko zokusebenza [amathuluzi, uqeqesho, njll.] | R 221, 858 *Million* |
| Imisebenzi ehleliwe (ezinye izinto/ Imiklamo) | R 3, 578, 373 *Billion* |
| **ISAMBA** | **R 4,066, 734** ***Billion*** **(Isamba Sezindleko)** |

**Ngeminye imininingwane, sicela uxhumane**
**NoNkk. *V. Reddy***
**031 336 5414**
**082 711 5156**
**I-Imeyili: vimla.reddy@kzndhs.gov.za**

**Lapha ngiyaqinisekisa ukuthi ngiwufundile futhi ngiyawuvuma lo mbiko.**

---------------------------------------- 14/3/15 ----------------------

**INHLOKO YOMNYANGO ESABAMBILE** **USUKU**
**UMNU. M.O.S. ZUNGU**